St Alphonse Parish Newsletter

Volume 3, Issue 3 www.stalphonse.org.za JANUARY 2010

UNYAKA WABA PRISTE (JUNE 2009 – JUNE 2010)

Donation : R2.00

UPHAPHA UBENEDICT XIV UKHULEKELA ABANTU BASE HAITI ABAKHAHLAMEZWE UKUZAMAZAMA KOMHLABA

Umgcwabo ka Archbishop Joseph Serge Miot no Vicar General Monsignor Charles Benoit be Archdiocese yase Port-au-Prince abashona ekuzamazameni komhlaba eHaiti. Umgcwabo ubungo mgqibelo wangomhlaka 23 January 2010.

Thulani Jili

UPhapha uBenedict XVI wedlulise imikhuleko namazwi okududuza ezihlobeni nasebantwini bonke bezwe lase Haiti elehlelwe umshophi wokuzamazama komhlaba okukholakala ukuthi baphakathi kwezinkulungwane eziyikhulu kuya kwezingamakhulu amabili (100 000 kuya ku 200 000) zabantu ababhubhile kulesisigameko.

"Ngimema wonke umuntu ukuba abe nami emkhulekweni lapho sikhulekela bonke abadlulile ngenxa yalesisibhicongo kanjalo nalabo abahanjelwe izihlobo zabo. Nginika isiqiniseko sokuthi ngokomoya ngiseduze kakhulu nalabo

(iqhubeka ekhasini lesithathu)

OKUDAYISAYO EHOVISI LOMFUNDISI NGAMANANI APHANSI

1	AmaRosari amahle kakhulu futhi akhanyayo ebusuku
2	Izincwadi zezifundo, amaculo, amakhathekizima, inkambo yabaCwebileyo nezinye
3	Ama Calendar onyaka ozayo (2010)
4	Impepho namalahle
5	Ama DVD ase Kevelaer, Centocow, naweBirthday yomfundisi

IZIFUNDO ZANGO JAN/FEB 2010 (YEAR B)

31 January 2010 (Isonto lesi-4 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Jer. 1 : 4 - 5, 17 – 19

Ingqikithi: *"Ngakubeka ube umprofethe ezizweni"*

Isihlabelelo : *"Umlomo wami uyakubika ukulunga kwakho.."*

Isifundo sesibili : 1 Khor. 12 :31 – 13:13 or 13 : 4 -12

Ingqikithi: *"Manje kukhona ukukholwa nokuthemba nokuthanda; kodwa okukhulu ngukuthanda"*

IVANGELI : Lk. 4 : 21 - 30

07 February 2010 (Isonto lesi-5 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Isaya 6 : 1 – 2ª, 3 – 8

Ingqikithi: *"Nkosi thuma mina."*

Isihlabelelo : *"Nkosi ngiyakuhlabelela phambi kwezingelosi."*

Isifundo sesibili : 1 Khor 15 : 1 – 11 or 3 – 8, 11

Ingqikithi: *"Sashumayela kanjalo, nani nakholwa kanjalo."*

IVANGELI : Lk. 5 : 1 - 11

14 February 2010

Isifundo sokuqala : Jer. 17 : 5 - 8

Ingqikithi: *"Uqalekisiwe obeka ithemba lakhe kubantu; unenhlanhla umuntu othembele kuNkulunkulu."*

Isihlabelelo : *"Unenhlanhla umuntu obeka ithemba lakhe eNkosini."*

Isifundo sesibili : 1 Khor. 15 : 12, 16 - 20

Ingqikithi: *"Uma uKristo engavukanga, ukholo lwenu luyize"*

IVANGELI : Lk. 6 : 17, 20 - 28

21 February 2010 (Isonto lo 1 lenkathi yokuhlawula)

Isifundo sokuqala : Deut. 26 : 4 - 10

Ingqikithi: *"UMvumkholo wesizwe esikhethiweyo."*

Isihlabelelo : *"Nkosi yiba nami osizini.."*

Isifundo sesibili : Rom. 10 : 8 - 13

Ingqikithi: *"UMvumkholo wabakholwa kuKristo"*

IVANGELI : Lk. 4 : 1 - 13

28 February 2010 (Isonto lesi 2 lenkathi yokuhlawula)

Isifundo sokuqala : Gen. 15 : 5 – 12, 17 - 18

Ingqikithi: *"UNkulunkulu wenza isivumelwano noAbram,"*

Isihlabelelo : *"INkosi ingukukhanya kwami nosindiso lwami.."*

Isifundo sesibili : Fil. 3 :17- 4 :1, or 3 : 20- 4 :1

Ingqikithi: *"Ukristo uyakuguqula umzimba wethu awenze ufane nomzimba wakhe okhazimulayo."*

IVANGELI : Lk. 9 : 28ª - 36

UKUBALULEKA KOLWESITHATHU LOMLOTHA

Thulani Jili

Ebandleni eliKhatholika uLwesithathu lomlotha (Ash Wednesday) usuku lokuqala lokuzila lapho amakholwa engena esikhathini sokuzinqabela nokuzithiba, okuyisikhathi esiphela ngokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristo.

Lelisiko lidala kakhulu futhi liyatholakala emaphepheni asendulo e Gregorian Sacramentary nakuyilapho igama elithi "dies cinerum" okusho ukuthi "usuku lwemilotha" lichazwa khona.

EMiseni langoLwesithathu lomlotha kusetshenziswa umlotha obusisiwe owenziwe ngokushiswa kwamasundu ayesale ngeSonto lamaSundu bese ehlanganiswa namanzi ayingcwele bese kuhagwa ngempepho.

EMiseni-ke amakholwa eza phambili bese uMphriste ngesandla sokudla egcobhoza emlotheni ngesithupha bese enza uphawu lwesiphambano esiphongweni sekholwa ethi "Khumbula muntu ukuthi uwuthuli futhi uyobuyela othulwini."

Umlotha usikhumbuza ngobuze bethu nanokuthi siphila okwesikhashana ikakhulukazi uyisimemo sokuba siphenduke ezonweni zethu. IBandla eliKhatholika liyagcizelela ekuzisondeliseni noNkulunkulu ngolwesithathu lomlotha ngokuba sizile ezintweni ezinjengokudla inyama. Ukuzinqabela nokuzithiba akusiyona nje indlela elula yokuphenduka, kodwa kufanele sihlolisise kabanzi izimpilo zethu ngokomoya.

Njengoba kuzoqala isikhathi sokuzila kufanele sibe nemigomo esizibekela yona futhi sazi ukuthi sizoyilandela kanjani kuze kufike isikhathi sokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristo. Eminye yemigomo ukuya njalo emaMiseni kanye nokuvuma (confession). Sengathi uNkulunkulu angasikhanyisela njengoba singena esikhathini sokuzila ukuba siqonde kabanzi ukuthi sisho ukuthini ukuze sikwazi ukusigcina ngendlela efanelelyo.

UPHAPHA UKHULEKELA ABANTU BASE HAITI
(isuka ekhasini lokuqala)

Abalahlekelwe amakhaya abo, nakulabo abathintekayo ngezindlela ezahlukene kulesisigameko njengoba sinxusa uNkulunkulu ukuba abaduduza abakhiphe kulolusizi ababhekene nalo kulesisikhathi." kusho uPhapha.

"Nginxusa bonke abantu ukuba balule izandla zabo ngosizo ukuze abafowethu nodadewethu abahlukumezekile kulesisikhathi esinzima bazizwe besebunyeni nathi. Ibandla eliKhatholika alisoze lahluleka njengoba lizokwenza ngokushesha ukuletha usizo ebantwini base Haiti."kuqhubeka uPhapha Benedict XVI.

U Archbishop Joseph Serge-Miot enoPhapha uBenedict XVI.

U Archbishop Joseph Serge-Miot, obeyinhloko ye Archdiocese yase Port-au-Prince udlule emhlabeni ngaso lesisigameko sokuzamazama komhlaba.

Umzimba ka Vicar General wesiFundabhishobhi sase Port-au-Prince eHaiti uMonsignor Charles Benoit sitholwe eduze neCathedral iNotre Dame, sitholwa ngabavukuzi nabatakuli abebeqhamuka ezweni laseMexico

---

ISAZISO

UMA UNGOWESILISA USHADILE UFISA UKUBA YINGXENYE YAMADODA EBANDLA, BONANA NO MNU DAVID ZULU NOMA UMNU T JILI. SITHOLAKALA NJALO EMVA KWAMAMISA ANGESONTO.

UMQONDO WEBANDLA NGONYAKA WONKE
Queen Victoria Dlamini

Makholwa amahle, iBandla lifana noMame kithina kangangoba libizwa ngokuthi 'UMame oNgcwele oliBandla". Eli Bandla lifuna ukungenisa bonke abantu ezulwini. Ubusakhumbula nje ukuthi inyanga nenyanga enyakeni iBandla liyihlukanisele ukudumisa into ethile emqoka? Nazi-ke lezo zinto:

January - uhlukaniselwe ukudumisa iGama elingcwele leNgane uJesu

February - uhlukaniselwe ukudumisa uMndeni oNgcwele

March - uhlukaniselwe ukudumisa uJoseph ocwebileyo

April - uhlukaniselwe ukudumisa iSakramente eliyiNgcwele Cwe laselathini

May - uhlukaniselwe ukudumisa uMaria ocwebileyo uNina kaNkulunkulu

June - uhlukaniselwe ukudumisa iNhliziyo eyiNgcwele Cwe kaJesu

July - uhlukaniselwe ukudumisa iGazi eliyiGugu likaJesu

August - uhlukaniselwe ukudumisa iNhliziyo engenasici kaMaria

September - uhlukaniselwe iziNsizi eziyisikhombisa zikaMaria

October - uhlukaniselwe iRosari eliyingcwele

November - uhlukaniselwe imiphefumulo esesiHlanzweni

December - uhlukaniselwe ukuthatshathwa okungenasici kukaMaria oCwebileyo.

Isiphephelo Funeral Directors



Sinethulela uhlelo lokungcwaba kuze kufike emalungwini omndeni ayishumi ngamanani aphansi ngaphansi kohlelo olubizwa ngo Wonke Wonke Plan. Uma ufuna ukwazi ngezinye izinhlelo zethu njengo Plan A no Plan B ungashayela u Tom Shandu ku

072 558 3953 noma 084 035 3344

noma uzifikele mathupha emahovisini ethu aku 57-59 Sydney Road noma Ezangomeni K-Section Umlazi